# IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

Intshumayelo ngesonto 2 emva komkhosi wePhifaniya , ngomhla ka 15. 01. 2012
08/2012
**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele**.

1. Iculo 77/70

2. **Umkhuleko:** Bongani uJehova, nibize igama lakhe, nizazise phakathi kwabantu izenzo zakhe. Hlabelelani kuye, nimhubele, nikhulume ngezimangaliso zakhe zonke. Zibongeni egameni lakhe elingcwele. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabaseRoma 12:4-16;
Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe ku-Johane 2:1-11.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...
5. Iculo 137/120

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7. Iphistola** ngohlelo lwesine lilotshiwe
ku 1 kwabaseKorinte 2, 1-10, lithi: "Nami, bazalwane, ekufikeni kwami kini angifikanga ngobungcweti bokukhuluma nobokuhlakanipha, ngimemezele kini ubufakazi bukaNkulunkulu. Ngokuba nganquma ukuthi angiyikwazi okunye phakathi kwenu, kuphela uJesu Kristu, lowo obethelwe esiphambanweni. Mina ngangikini ngobuthakathaka, nangokwesaba, nangokuthuthumela okukhulu; nokukhuluma kwami nokushumayela kwami akubanga-ngamazwi okuhlakanipha ahungayo, kepha kwaba-ngesibonakaliso sikaMoya nesamandla, ukuze ukukholwa kwenu kungemi ngokuhlakanipha kwabantu, kume ngamandla kaNkulunkulu. Kepha ukuhlakanipha sikukhuluma phakathi kwabapheleleyo, ukuhlakanipha kambe okungesikho okwalesisikhathi nokwababusi balesisikhathi, ababhubhayo. Kodwa sikhuluma ukuhlakanipha kukaNkulunkulu emfihlakalweni efihliweyo uNkulunkulu akumisela ngaphambili kube-yinkazimulo yethu, kusukela kwaphakade, okungaziwa namunye wababusi balesisikhathi; ngokuba uma bebekwazi, babengayikuyibethela esiphamabanweni iNkosi yenkazimulo; kepha kunjengokuba kulotshiwe ukuthi: 'Lokho iso elingakubonanga, nendlebe engakuzwanga, okungavelanga enhliziyweni yamuntu, uNkulunkulu akulungisela abamthandayo.' Ngokuba kithina uNkulunkulu ukwambulile ngoMoya; ngokuba uMoya uhlolisisa konke, yebo, nokujulileyo kukaNkulunkulu." Amen.

**8. Intshumayelo:** Bandla elithandekayo leNkosi yethu uJesu Kristu, umphostoli ukhumbuza abaseKorinte ngokufika kwakhe phakathi kwabo, mhla ebalethela ivangeli. Uthi: Akezanga ngobungcweti bokukhuluma nokuhlakanipha. Ake sikhumbule ukuthi uPawulu wayeyisifundiswa, enemfundo ephakeme, ezazi nezindaba zokuhlakanipha kwasemhlabeni. Kodwa wakushiya konke ukuze azuze uKristu, wakushiya futhi, ngoba kukhona amandla afuna ukuba asebenze kuye. Funda indima 4. Ukuze asebenze lawo mandla wazizwa ebuthakathaka, esaba, ethuthumela. UPawulu waqonda ukuthi konke amakholwa anakho ngokwawo akunakumsindisa umuntu, noma yena uqobo. Akashumayelanga ngamazwi okuhlakanipha nahungayo, ngoba wayefuna ukuba ivangeli lisebenze ngesibonakaliso sikaMoya.

Bazalwane eNkosini, amaGreki ayefuna ukuhlakanipha, kodwa umphostoli wazimisela ngokuthi akafuni ukuwahunga ngamazwi azoqajabulisa. Namuhla oweNkosi uthi kithi: Akazukwazi lutho phakathi kwethu kuphela uJesu Kristu obethelwe esiphambanweni. Ngiyazi ukuthi lendaba ingubuwula kwabanye bethu, kodwa ngiyazi amandla kaNkulunkulu asebenza ngawo. Ngakho-lokhu ukukholwa kwethu makungemi ngokuhlakanipha komuntu, kodwa kume ngokuhlakanipha kukaNkulunkulu. Yebo, izwe alimazanga uNkulunkulu ngokuhlakanipha kwalo, kodwa kwaba kuhle kuNkulunkulu ukusindisa abakholwayo ngobuwula bentshumayelo.

Masingamvimbi uMoya oNgcwele namandla akhe.  Singazami ngamandla nangokuhlakanipha kwethu ukudonsela abantu kuKristu. Kulula kabi-kabi ukuthemba ukuhlakanipha kwethu, uma sinakho. Khumbula ukuthi: UMoya oNgcwele usebenza ngamandla akhe, hayi, ngawomuntu nokuhlakanipha kwakhe. Simelwe ukusebenzisana noMoya, kufuneka sinciphe thina, singawuvimbi noma singawuthiyi emsebenzini wawo, funa sithole abantu abazolandela thina kunoNkulunkulu.

UMoya oNgcwele ukhuluma okkukaKristu, abantu ngokwabo bakhuluma okwabo ukuhlakanipha okungahambisani noMoya kaNkulunkulu. Thina asilalele uMoya kaNkulunkulu, singavimbi, sivume ukubizwa nokukhanyiswa yiwo, nokukholwa yiwo ekumkhonzeni uNkulunkulu. Umoya wezwe ungowawo ungeke usifikise ndawo. Ukuhlakanipha kukaMoya kaNkulunkulu kusiqhubezela phambili ekuphileni okuphakade. Umoya wezwe ungcinisa ebumnyameni, nasekufeni, esihogweni. Labo abaholwa nguMoya kaNkulunkulu bangabantwana bakhe. Abaholwa ngumoya wezwe noma kaSathane bangabantwana bakaSathane. Wena muntu kaNkulunkulu, shiya okwakho ukuhlakanipha, kodwa ushumayele, umemezela ivangeli leNkosi uJesu!

UPawulu uthi wakwenza, ngoba kukhona ukuhlakanipha okungesikho okwalesisikhathi. Uthi: Ngaye nikuKristu Jesu owenzelwe thina ukuhlakanipha okuvela kuNkulunkulu nokulunga kanye nokugcweliswa nokuhlenga. Lokhu kuhlakanipha kuvela kuNkulunkulu kuhlukene nokwezweni. UPawulu uthi kukhulunywa phakathi kwabapheleleyo kuphela. Zikhona izimfihlakalo endabeni yokholwa esingenakuzizwa, uma singabantwana abancane ekukholweni. Sinokuningi esingakusho ngalokhu okulukhuni ukukuchasisela, ngoba izindlebe zibuthuntu ekuzweni nasekulaleleni. Ngokuba lowo odla ubisi akakaqondi lutho lwezwi lokulunga, ngokuba uyingane. Kepha ukudla okuqinileyo kungokokhulileyo, abathi ngokujwayela ukuwusebenzisa umqondo, sebenawo osulungele ukuhlukanisa okuhle nokubi, Heb. 5:11-15.

Zihlobo ezinhle eNkosini, kuyihlazo ngempela nelibi ukubona umuntu okholwayo engakhuli, lowo usengozini ngokuhlehlela emva. Ukuhlakanipha okufihliweyo ngokwalabo abakhuthalayo, befisa nokufunda izwi leNkosi ukuze bakhule babe nokufundisa abanye.

UPetru uthi: Njengezingane izisandukuzalwa langazelelani ubisi olungokoMoya olungenakonakala ukuze nikhule ngalo kube ukusindiswa, uma seninambithile nezwa ukuthi iNkosi imnene, 1 Petr. 2:2-3.

Lonke ivangeli silambulelwe nguNkulunkulu ngoMoya wakhe oNgcwele. Akukho muntu owayenokuyibona ngengqondo yakhe indaba yokusindiswa, kodwa iyimfihlakalo eyambuliwe. Lalela uMoya kaNkulunkulu ukuthi uthini kuwe, futhi akusibo bonke abanezindlebe zokulizwa iphimbo likaMoya oNgcwele. Akusibo bonke abanamehlo okubona okukaNkulunkulu. Basalibele izinto zasezweni, baneliswa izinto eziphelayo, balahlekelwe izinto zaphakade. Shumayela ivangeli elinokuhlakanipha, nelihambisana nesiphambano sikaKristu kanye nomqondo kaKristu kube ukusindiswa komphefumuloezizweni zonke. Amen.

Umkhuleko ungasiza ekuceleni uMoya weqiniso kuNkulunkulu. Futhi umuntu wemvelo akakwamukeli okukaNkulunkulu, angekuqonde, ngoba kubonisiswa ngokoMoya. Futhi kuthi ngobunene bukaNkulunkulu nangomusa wakhe asandulele, ashumayele ivangeli lakhe elingcwele, uMoya oNgcwele ufuna ukusebenza nokufeza ngalo kithi ukuphenduka nokwenizwa-musha, okhele kithi ngentshumayelo nangokuzindal kwethu ngezwi lakhe, inkolo nezinye izinto ezithandeka kuNkulunkulu, ukuze kube izipho nemisebenzi kaMoya oNgcwele. Lokhu kusiqondisa kuwo amasu omusa, uMoya oNgcwele ufuna ukuqala nokufeza ngawo okunjalo. Ake sikhumbule ukuthi kuyisono esinzima ukuvimba kanye nokuwuphika umsebenzi onjalo kaMoya oNgcwele othanda kangaka ukusebenza kithi nokusisiza ngalo ivangeli likaKristu. Amen.

9. **Umkhuleko:** Funani uJehova namandla akhe, nifunisise ubuso bakhe njalo. Yena unguJehova uNkulunkulu wethu. Izahlulelo zakhe zisemhlabeni wonke. Amen.
   Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 73/66

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2011 ngu-.E. Mkhabela
Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.